SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| EXAMINATION | NATIONAL SENIOR CERTIFICATE |
|---|---|
| GRADE | 12 |
| DATE | 12 SEPTEMBER 2025 |
| SUBJECT | ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL) |
| PAPER | IPHEPHA LESIBILI (2) |
| MARK TOTAL | 70 |
| DURATION (HOURS) | AMAHORA AYI 2 ½ |
| NUMBER OF PAGES | 29 |

SOUTH AFRICAN COMPREHENSIVE ASSESSMENT INSTITUTE

SUID-AFRIKAANSE KOMPREHENSIEWE ASSESSERINGSINSTITUUT

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka **OKUQUKETHWE** ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini **EZIMBILI** ozophendula ngazo.

3. Leli phepha **LINEZIQEPHU EZINE**:

| | |
|---|---|
| **ISIQEPHU A**: Inoveli | (35) |
| **ISIQEPHU B**: Umdlalo | (35) |
| **ISIQEPHU C**: Izindaba ezimfishane | (35) |
| **ISIQEPHU D**: Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo **EMIBILI** kuphela, umbuzo **OWODWA** esiqeshini **NGASINYE.**

   **ISIQEPHU A: INOVELI**
   Phendula umbuzo ngenoveli **EYODWA** oyifundile.

   **ISIQEPHU B: UMDLALO**
   Phendula umbuzo ngomdlalo **OWODWA** owufundile.

   **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**
   Phendula imibuzo ngazo **ZOMBILI** izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**
   Phendula imibuzo ngezinkondlo **EZIMBILI** ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu **NGASINYE.**

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala **ISIQEPHU NGASINYE** ekhasini **ELISHA.**

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 20 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfushane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Inja nengalo' | 17 | 23 |
| | | |
| 7.2 'Uxolo' | 18 | 24 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Sithandwa sami' | 18 | 27 |
| | | |
| 8.2 'Yobe nsizw'enye' | 17 | 28 |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |
| | | | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


# ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1


# ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1


Funda iziqeshana **EZIMBILI** ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela

### ISIQESHANA A

Yathi uma isiqedile inyanga ukumnikeza imithi yathi; “Mfana kuzofanele uhambe-ke uyosebenzisa le mithi engikunike yona, uvuke uphalaze, uchathe njalo ekuseni kuze kube uyaphela lo muthi.” Wamnikeza lowo muthi wayesesho ukuthi useyomazisa uma esemdinga futhi. Waphuma uSandanezwe waqonda **elawini** lakhe. Esahlezi lapho , imicabango yafika ngengemvula ethatha ebalisa ngengoduso yakhe. Into eyayimphethe kabi ukuthi uNokulindela akazi usengaphi eMpangeni, yena selokhu amgcina eyiswe kwadokotela.
Uzindla ngale micabango nje, izinto zivele azisemile kahle emuva emakhaya. Izindaba lezi azihlali phansi zesaba amazolo. Indaba lena isihambe yaze yafika kuZabalaza ixila likaNokulindela. Kwaba ukuyizwa nje wabona ukuthi Alisekho elinye ithuba ayobuye alithole. Wabona ukuthi uselitholile isu lokubhidlizela uSandanezwe isidleke sakhe. **Wayesha amashushu** ukuthi kazi kuyosa nini ayobona uNokulindela ukuze ezofika ayithi phihli le ndaba.
Nebala kwasa okungaliyo, **amabombo** wawabhekisa khona kwaHlazakazi. Engakalindi nesikhathi esingakanani emthonjeni, wambona uNokulindela ezokha amanzi.

1.1 Ngubani le nyanga eyanika uSandanezwe imithi ngokwalesi siqeshana? (1)

1.2 Bhala igama lendawo lapho kuhlala khona uNokulindela? (1)

1.3 Okuphi OKUBILI okwakufanele uSandanezwe akwenze ngale mithi ayinikezwe inyanga? (2)

1.4 Indaba yani le eyayisihambe yaze yafika kuZabalaza? (2)

1.5 Khetha impendulo efananele kwezilandelayo:

Ngokwalesi siqeshana isimo sokukhuluma esithi “Wayesha amashushu” sisho ukuthi…

A Wayesaba

B Wayesejahile

C Wayesezela

D Wayesacabanga (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.6 Chaza ukuthi isenzo sikaZabalaza sokunyundela/sokukhuluma kabi ngoSandanezwe silukhulisa kanjani udweshu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.7 Hlaziya lesi siqeshana ngokukhipha udweshu lwangaphakathi olutholakala kulabalingiswa:

1.7.1 UZabalaza (2)

1.7.2 USandanezwe (2)

1.8 Nikeza umqondofana walamagama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana:

1.8.1 Elawini (1)

1.8.2 Amabombo (1)

1.9 Tomula ibinzana lamagama endabeni elichaza ukuthi lwafika usuku olwalulindiwe noma ayelulangazelele. (2)

1.10 Chaza kafishane ukuthi yini eyenza uZabalaza atshele uNokulindela lezi zindaba ezimbi ngesoka lakhe. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

Kwathi uma sekukhulunywa indaba yokuthi kuthathwe izinduku-ke kuyozwakala ohlanyeni lo mhlola uqhamukaphi nobani, kwala kuNomgedla. Kwaqala kwasa ngokunye manje, esebona ukuthi kuzophuma isidumbu ngenxa yakhe noma kunukwe abantu abangenacala ngaye. Unembeza wawusuqalile umudla, esehluleka nokuzibamba. Wazidela wathi sekungamane kube yini yani akusenani noma bangambiza Ngomthakathi. Wazijuba wacela unina kaNokulindela ngasese, owayesekhale amehlo aze aba bomvu ngengane yakhe ayeyibona izomfela ngokukhulu ukuzuma. “Mama ngiyaxolisa, angazi nokuthi ngizoqala kuphi Zikalala. Ma...ma...uNo...kulindela unje...nje...yimina. Ngiyaxolisa mama, ngilingekile ngavuma imithi engiyinikwe uZabalaza, Bengingaqondile ngili...” Wasidinda uNomgedla isililo.

“Yehheni we bantu ngomntanami! Kanti ngithi ngihleli nomuntu kanti ngihleli nomthakathi ozobulala ingane yami ngiyazi...!” Wakhala uMaZikalala waye wagqimuzeka phansi waquleka. Kwaqala phansi esinye isidididi manje, abanye bedidingana noMazikalala, wonke umuntu wakhungatheka nje ukuthi yini lena eyenzakalayo. Bamphuthuma bamkhothisa kancane iqabunga leloyi okuyilona elamphaphamisayo ngoba nokukhala kakhulu lokhu kuyingozi ngokwakho. Omakhelwane basondela kuNomgedla befuna ukwazi ukuthi yini lena equlekisa uMaZikalala...

1.11 Unomgedla uhlobene kanjani noNokulindela? (1)

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.12 Ngokwalesi siqeshana ngesikabani lesi sidumbu esasizophuma ngenxa kaNomgedla? (1)

1.13 Fingqa kafushane okwadala ukuba uNokulindela agule ngalolu suku? (2)

1.14 Kwabangelwa yini ukuthi uNomgedla avume ukusiza uZabalaza kuleli su lakhe lokufakela ingoduso kaSandanezwe umuthi wentando? (2)

1.15 Kwaba namthelela muni empilweni kaZabalaza ukubanjwa kukaNomgedla? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Isihloko sale noveli siyahambisana yini nendaba yonke? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Tomula ibinzana lamagama kulesi siqeshana elichaza ukuthi uNomgedla Wakhala kakhulu? (1)

1.18 Bhala inhlawulo abayithola laba balingiswa ecaleni lokuzama ukuthakatha uNokulindela:

1.18.1 Uyise kaNomgedla (1)

1.18.2 UZabalaza (1)

1.19 Ngokubona kwakho yikuphi okungenziwa uMnyango wezeMpilo ukuqwashisa abantu mayelana nesandulela ngculazi? (2)

**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



**UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI - SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Emafemini kunezinto eziningi ezenziwayo uma usuqashiwe, uManyoba waqashwa nguNdabazabantu maqede wakhonjiswa yonke indawo ngaphakathi nangemuva kwefemu. Wabuye wakhonjiswa umsebenzi azowenza, watshelwa nezikhathi zomsebenzi maqede wasenikezwa umsebenzi azowenza. Kwakufuneka abe nemvume yenkosi yendawo yalapho akhe khona kanye nencwadi yalapho abesebenza khona. UManyoba wayengakaze asebenze empilweni yakhe, ngaphandle kokusebenza isithupha, esingenancwadi yokuthi ubesebenzaphi, ngakho-ke kwadingeka ukuba akhulunyelwe umuntu wangakubo ukuze aqashwe. Le ncwadi yokumqasha iveza ukuthi uzohola malini. Ngemuva kwalokho wayiswa kodokotela ukuba bamhlole, bese eyoqala ukusebenza. Yena-ke waqala waba umashanyela ukuze azi kahle zonke izindawo efemini. Ntambama kwakujatshulwa ehositela kuculwa kugidwa kunjeya. Wonke umuntu ohlala kule bhulokhu ovela eMsinga eNatali wamjabulela. Ekuseni njalo ngoMsombuluko kuvukwa kuqondwe esitimeleni kuyogitshelwa. Izinsizwa ziyacula lapha kanti futhi kukhona abashumayela ivangeli khona lapha Esitimeleni. Kuya ngokuthi wena uhleliphi. Abanye baxoxa ngabafazi babo, besho nokusho ukuthi umfazi uyashaywa uma ebheda. Uma ucabanga kancane, ungaze ubalekelwe umfazi ulalela abantu behhuma nje. Ziningi-ke izinto ezenzeka esitimeleni. Uma befika esiteshini lapho kwehliwa khona, ungathi ilapho isitimela siphela khona ngobuningi babantu abehla khona, kanti hhayi akunjalo kusazodlulelwa kwezinye iziteshi.

2.1 Ngubani owaqasha uManyoba ngokwalesi siqeshana? (1)

2.2 Wayesebenza msebenzi muni uManyoba ngaphambilini? (1)

2.3 Yikuphi okwakufuneka kuManyoba ngaphambi kokuba aqale ukusebeza efemini? (2)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ngokwalesi siqeshana uManyoba wayehlala …

A. eMsinga

B. kwaNdabazabantu

C. ehositela

D. esiteshini sesitimela (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


2.5 Sizathu sini esenza ukuba uManyoba akhethe ukushiya endaweni yangakubo ayofuna amatoho eGoli? (2)

2.6 Isenzo sikaManyoba sokweqa epulazini sayikhulisa indaba. Sekela lombono ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Bhala izindawo EZINTATHU uManyoba ake asebenza kuzona ngesikhathi esasebenza. (3)

2.8 Bahlobene kanjani uMjwayeli noMduduzi? (2)

2.9 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 2.9.1 | uBheki | A | wafundela ubuthishela oNgoye |
| 2.9.2 | uFanyana | B | wafundela ukucwaninga amabhuku |
| 2.9.3 | uMjwayeli | C | washayela izimoto ezinkulu eBergville |
| 2.9.4 | uMduduzi | D | wafundela ubummeli |

(4x1)(4)

2.10 Uyazwelana yini noMirriam kulesi simo sakhe sokungalitholi ithuba lokufunda? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Umzukulu wacela kuyise ukuba aphelezele uyisemkhulu aze ayomfaka esitimeleni. Kwamthatha eside isikhathi ukuthola impendulo kusadingidwa ukuthi avunyelwe yini ukuba aye esiteshini. Bagcina bevumile, bamthatha noyise ngemoto bamhambisa esiteshini. Endleleni umzukulu ucela umkhulu wakhe ukuba abuye futhi bahlale naye ngoKhisimuzi, avume mkhulu. Kwamjabulisa kakhulu umzukulu uma umkhulu emthembisa izinto eziningi mzukwana bebonana. Umkhulu wagcizelela ukuthi bayobonana uma iNkosi ithanda. Wagibela ebusuku umkhulu zaya esebheke eMnambithi lapho eyohlangana khona nomkakhe akade amgcina. Wafika ngakusasa Emini. Wajabula kakhulu lapho ehlangana nomkakhe. Babambana. Bangana kwanje. Bakhala eside isikhathi. Kwathi lapho bethula khona umkhulu watshela ugogo ukuthi abahambe baye phakathi edolobheni bayobuka ukuthi idolobha selabanjani ngoba bagcina kudala beseyizintombi nezintsizwa. Baxoxe-ke nangendlela ababephatheke ngayo lapho ababephuma khona. Bahamba-ke bebuka izitolo nezindawo ezintsha ezakhiwa kuleminyaka bagcina ukuvakashela eMnambithi. Besahamba edolobheni, bafikelwa umcabango wokuhamba bengaziwa lapho baya khona. Besacabanga

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

© SACAI COPYRIGHT

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



ukuthi bangayaphi, bahlangana nomfundisi owababingelela wabaxoxisa kanti uyabazi. Wabathatha waya nabo emzini wakhe. Ngakusasa bavuka bagibela amatekisi aya eGreytown. Bathi befika nje emzini wabo, kwagcwala omakhelwane bejabula sebeveza nokuthi babephatheke kanjani mzukwane behamba.

2.11 Ngubani lomkhulu okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

2.12 Ayemangaphi amadodana alo mkhulu esewonke, bhala ngesiZulu esihle. (1)

2.13 Chaza kafushane ukuthi yini eyadala ukuba UManyoba agcine esehlale ngokuhlukana noMaNdlovu? (2)

2.14 Tomula igama elinomqondofana nelithi ''umdali'' kulesi siqeshana. (1)

2.15 Yisiphi isizathu esisobala esenza uMiriam angakwazi ukusiza abazali bakhe ngesikhathi besahlupheka? (2)

2.16 Inkosikazi yaMdududuzi yayingumuntu onothando lwabazali bomyeni wakhe. Sekela lombono ngamaphuzu AMABILI. (4)

2.17 Kwaba namthelela muni empilweni kaManyoba noMaNdlovu ukuhlala ngokwehlukana ngesikhathi behlupheka? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.18 Njengoba uManyoba engawabelanga ifa amadodana akhe, babanjani ubudlelwano phakathi kwakhe namadodana akhe ngemuva kwalokho? Sekela impendulo yakho. (2)

**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

"Ungazihluphi wena. Uyobona khona."

Imethuse lento eshiwo uTholi uBheki. Uma engayi ekhaya uyothi ubekuphi kuLindiwe nakunina? Abone ukuthi kuzofuneka azame isu lokuphunyuka kuTholi. Bahamba nje bathule; uBheki kuphela **odla amathambo ekhanda**. Bafike endlini. UTholi akhiphe izimpahla aziphethe.

"Nakhu engikuthengele khona Bheki." Athathe uBheki. Aqaqe le mpahla. Amayembe kanokusho amahlanu nontanjana bakhona.

"**Hawu** Tholi!" Agxume uBheki adonse uTholakele amqabule.

"Ngiyabonga mntakwethu." UBheki waluzwa uthando lukaTholi lugcwala **swi**. Azibukisise lezi zimpahla. Zinhle ngendlela emangalisayo.

"Wezwa ngobani ukuthi ngashelwa zimpahla?"

"Umuntu uyazazela usizi lwento yakhe Bheki."

Abuyele kwasifuba kuBheki. Acabange isu lokuphunyuka manje, lingafiki,ajule.Baqabulane. Akhumbule ukuthi kufanele aphuthume ekhaya kuwo lowo mnyama uBheki. Athathe izimpahla zakhe. Ahlale  phansi uTholakele ambuke.

"Uyangishiya impela mntakwethu?"

"Sizobonana nje ekuseni sithandwa sami." Avule umnyango uBheki. Aphakamise isandla avalelise. Asale kanjalo uTholi ehleli phezu kombhede.

UBheki wasola sengathi uTholi wayekwesinye isimo ngalelo langa. Acabange ukuthi kokunye baphuza utshwala nalo mngani wakhe uTholi.

3.1 Isu lani leli uBhekani okwakumele aqhamuke nalo ngokwalesi siqeshana? (1)

3.2 Kungani uTholakele wayethengele uBheki izimpahla ezintsha? (1)

3.3 Thola amagama anomqondofana nalawa endabeni:

3.3.1 icebo

3.3.2 amanzi amponjwana (2)

3.4 Lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile **"odla amathambo ekhanda"** sichaza ukuthini ngokwalesi siqeshana? (2)

3.5 Ngubani lo mngani uBheki acabanga ukuthi uphuza noTholi utshwala? (1)

3.6 La magama abhalwe ngokugqamile aluhlobo luni locezu lwenkulumo:

3.6.1 hawu!

3.6.2 swi. (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


3.7 Ngubani umlingiswa osemqoka/omkhulu kule noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.8 Chaza ubudlelwano balaba balingiswa:

3.8.1 uLindiwe noBhekani. (1)

3.8.2 uZenze noTholakele. (1)

3.9 Bhala amaphuzu AMABILI mayelana neqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguPamella ekukhuliseni indaba. (2)

3.10 Uthola sifundo sini kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Kwadlula amasonto umalume kaBheki engafiki. Kwabonakala ukuthi abakhongi abasale sebehamba noma engekho. Ubheki wathola izinsizwa ezintathu ezazizomsiza kulo mcimbi. Eyodwa yayiqokwe uTholi uqobo. Emva komzukuzuku kuzanywa ukuthi kuyiwe kubo katholi, uTholi enqaba, kwasale sekuvunyelwana ngokuthi oyise bakaTholi bazofika khona lapha endlini kaTholi. Akekho owayazi ukuthi uTholi wenqabelani ukuba ayolotsholwa Kubo. Akukho sizathu ayesibeka uTholi, wayedla ngokuthi nje ngeke kulunge.

Kuthe uma sekwenziwe onke amalungiselelo, kwavunyelwana ngokuthi, abakhongi sebeyovuka ekuseni bashone khona. NoBheki wathi uma ebabheka wabethemba. Entathakusa avuswe yizinsizwa eziyokhonga uBheki. Ajabule uma ebona ukuzimisela kwalaba bafokazi.

“Senifikile madoda?”

Zivume izinsizwa. Avuse unina uBheki. Amkhombise izinsizwa lezo. Zishone endlini enkulu. Kukhishwe imali ezizohamba nayo. Idlule ezinkulungwaneni eziyisikhombisa. Ibekwe phansi. Kushiswe impepho. Akhulume namadlozi unina kaBheki. Kuqedwe ziphume izinsizwa. Athi ukukikiza kancane unina kaBheki.

Asale ecabanga uBheki. Kazi laba bantu bakwaTholi bazothini! Ithemba likaBheki lonke libe kuye uTholi. Agqoke masinyane. Abambe indlela ebheke kwamalume wakhe. Asheshe azithole izinto zokuhamba, afike kwamalume. Akekho umalume. Kuthiwe uzobuya. Nempela ahlale uBheki alinde. Kuthe lapho eselahla ithemba, atheleke umalume wakhe. Babingelelane kube kuhle.

3.11 Zingakhi izinsizwa ezatholwa nguBheki ukuba zizomsiza kulo mcimbi? (1)

3.12 Yayingakanani imali ayezolotsholwa ngayo uTholi? (1)

3.13 Kwaba yiziphi izizathu zikamalume kaBheki zokungaphumeleli uma sekuyolotsholwa uTholi? (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



3.14 Yikuphi okuyisiko okwenziwa unina kaBheki ngaphambi ngokuba kuphunywe kuyiwe kolotsholwa uTholi ngokwalesi siqeshana? (2)

3.15 Nikeza umqondofana wegama elithi **"amadlozi"** (1)

3.16 Kwamdalela izinkinga uBhekani ukuhlangana kwakhe noTholakele. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU ngokubhekisa kokwenzeka endabeni. (3)

3.17 Ingabe umbhali ukwazile yini ukufeza imigomo yesingeniso kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

3.18 Bhala isizathu sikaLindiwe sokuba abuyele kubo kaBhekani ngemuva kwezinyanga ezinhlanu behlukene. (2)

3.19 Chaza ukuthi lutholakala kuphi uvuthondaba kule noveli? (2)

3.20 Abafundi bangazuzani ngokufunda le noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [35]**

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

**(Kungene uMaNgema nethileyi elinezinkomishi kanye nethiphothi letiye. Alibeke etafuleni)**

MaNgema : Nanti itiye bobaba. Xoxani nibe niphunga. (aphume)
Shandu : Siyabonga MaNgema.
(Aphume, basale bethela itiye oShandu noDlamini.)
Dlamini : (ethela ushukela etiyeni) Ndabezitha basho njalo-ke abakhulumayo.
Shandu : (naye ufaka ubisi noshukela) Bayeke bakhulume kodwa ngiyazi abantu abaningi bangakimi. Sizoke sibone ukuthi kwalentuthuko okukhohliswa abantu ngayo uzoyiqala ngaphi.
Dlamini : (asikaze ukuphunga itiye kodwa ehlise inkomishi ayibeke esosweni) Siyezwa nje bekhuluma ngokufaka itiyela emgwaqeni, ukufaka ompompi bamanzi kanye nokufaka ogesi abazokhanyisa ucoshe inaliti phansi endlini.
Shandu : Dlamini! Dlamini, ngaphi kokuthi abantu bafuyile? Phela imfuyo yethu izogugelwa yizinselo.
Dlamini : Wena Ndabezitha ukhaliswa wubala. Ngubani ozokhokha amaleyithi? Iyovelaphi imali yamaleyithi lawo emakhaya?
Shandu : (alule isandla esinenkomishi sakukhomba uDlamini) Kukini Dlamini. Phela mina nginezinduna ezixegelwa ngamakhanda, abantu bami bayokhokha baze bangakwazi nokuthenga ukudla.
Dlamini : (anikine ikhanda) Ngeke Ndabezitha! Ngeke baze bakubone lokho. Kanti ngekabani lendawo esesizoyikhokhela?

4.1 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

4.2 Yiziphi izinto eziyintuthuko okukhulunywa ngazo kulesi siqeshana? Bhala OKUBILI. (2)

4.3 Ngubani ikhansela lendawo elizofika nentuthuko? (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



4.4 Yikuphi akhala ngakho uShandu okumenza angavumelani nentuthuko kulesi siqeshana? (1)

4.5 Buyini ubudlelwano obuphakathi bukaDlamini noShandu? (1)

4.6 La mazwi ashiwo nguDlamini" **Ngeke baze bakubone lokho**" aqonde ukuthini ngokwalesi siqeshana? (2)

4.7 Chaza kafishane okwaphazamisa umhlangano wokuqala owawuhlelwe yikhansela uDuma. (2)

4.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile **'ezixegelwa amakhanda'** sisho …

A. Ukukhala.

B. Ukushiselwa.

C. Ukungalaleli.

D. Ukukhuluma kakhulu. (1)

4.9 Tomila amazwi kulesi siqeshana achaza ukuthi uShandu wabe ekhalela into engekho? (1)

4.10 Khuluma ngoVuthondaba olutholakala kulo mdlalo. (2)

4.11 Wawunjani umphumela owafika nombuso wentando yeningi emphakathini wale ndawo? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kulo mdlalo. (2)

4.12 Bhala OKUBILI OKUBI okwadalwa yisenzo sikaDuma sokungayibikeli inkosi mayelana nezinguquko endaweni yayo. (2)

4.13 Unikiwe ithuba lokuba weluleke uDuma ngokufanele ngabe wakwenza, Bhala OKUBILI ongameluleka ngakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

**(Aphume uMaNgema.)**

Shandu : *(asale yedwa elokhu ethintathinta esifubeni. Ukuhlina kwakhe kwenyukele. Kubonakale izindebe zinyakaza sengathi uzama ukukhuluma kodwa izinhlamvu zamagama zingezwakali. Kubonakale izinyembezi zehla ziyowela esifubeni).*

MaNgema : *(angene egulukudela endlini. Izandla uzithwele ekhanda useyakhala)* Baba! Baba! Nampa abantu bethi uDlamini nomndeni wakhe

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



sebengumlotha! Hawu! Hawu Nkosi yami!

Shandu : *(avule amehlo kakhulu njengomuntu obona into eyesabekayo. Khona manjalo inkosi uShandu iwe)*

MaNgema : Kahle baba! Kodwa ngizokwenzenjani? *(amthintathinte bese ememeza)* Sizani bo! Sizani ! Jehova! Msindisi! Kodwa ngivelelwa yini?

**(Kungene onogada ababili baphuthume enkosini.)**

Nogada : *(ngezwi elinokwethuka)* Ndlunkulu, Sengathi yinhliziyo! Masimphuthumiseni esibhedlela ngemoto.

MaNgema : (*ethwele izandla ekhanda, elokhu ezulazula endlini)* Mthatheni nimfake emotweni! Ningabe nisachitha isikhathi.

**(Onogada balekelelelane batatamise inkosi baze baphume naye bayoyifaka emotweni. UMaNgema naye alandele ethwele izandla ekhanda.)**

MaNgema : (ulokhu ekhala ebalisa) Hawu Simakade! Maye! Kodwa ngizoba yini?

**(Bonke bangene emotweni isuke)**

4.14 Ngubani lo Dlamini okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

4.15 Onogada bathi unani uShandu? (1)

4.16 Lesi simo sokukhuluma "sebengumlotha" sichaza ukuthini ngomndeni waDlamini ngokwalesi siqeshana? (2)

4.17 Ngubani umlingiswa ongumqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

4.18 Ingabe uyazwelana yini nomphakathi wale ndawo kule simo sodlame owabe ubhekene naso? Sekela impendulo yakho. (2)

4.19 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 4.19.1 | UMaNgema | A | Unogada wenkosi |
| 4.19.2 | UFohloza | B | Uneziqu zokuba nguthisha |
| 4.19.3 | UMbandlwa | C | Usuka KwaMashu |
| 4.19.4 | UMaShezi | D | Yimpohlo |

(4x1) (4)

4.20 Ingabe isiphetho salo mdlalo siyahambisana yini nesithombe esikwikhava yencwadi sabantu abaxhawulanayo? Sekela impendulo yakho. (2)

**[35]**

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS



**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

***(NgeSonto ntambama kwaMbhele. Bekuhlangene ikomidi lezezimali lebandla lapho kusonta khona abakwaMbhele.)***

MFUNDISI : (*Ngokuzithoba*) Ndodakazi, usuyosibongela kundodana ngokusivumela sisebenzele emzini wakhe njengoba bekube nenkinga ukuba sihlanganele esontweni namuhla.

MANSIBANDE : Impela bo usibongele kubaba uMbhele ngomusa wakhe. Angadinwa nangomuso.

SONTO : Akananinkinga umyeni wami, uyathanda ukusiza. Ngizowudlulisa kodwa umlayezo.

MFUNDISI : Kuyofanele simbonge noNkulunkulu bodadewethu uma amagatsha ethu esenza umnikelo ongaka ngenyanga nje eyodwa.

MANSIBANDE : Impela baba akabongwe uNkulunkulu. Hhayi, banikelile abazalwane nami bengithi asibalanga kahle, ngendlela nje imali ebe ningi ngayo.

MFUNDISI : Manje bantabami nansi indaba enkulu, sizokwenzenjani ngemali njengoba ilanga selishonile nje nasebhange kungavulwa ngamaSonto? Phela ibivamise ukuhamba nobaba uNtanzi ngoba vele usebenza ebhange, nakho-ke manje usesebenzela kwenye indawo.

MANSIBANDE : Mina baba ngibona kungcono ukuthi ihambe nawe bese uvuka ekuseni uyiyise ebhange.

SONTO : Impela nami baba ngifakazelana nonobhala. Ngoba vele uhlala endlini yesonto uzofike uyifake esisefeni sebandla.

MFUNDISI : Yebo bantabami, ngiyanizwa. Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze phela ngingahlangani nezigila mkhuba zingenzakalise.

MANSIBANDE : (*Emoyizela*) Bengivele ngizokubeka baba.

5.1 Ubani lo ndodana okumele uSonto ababongele kuyona? (1)

5.2 Yisiphi isikhundla abanaso esontweni laba abahlangene kwaMbhele? (1)

5.3 Iyiphi inkinga ababhekene nayo kulesi siqeshana? (2)

5.4 Bebevamise ukwenzenjani ngemali ngaphambilini? (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


5.5 Ngubani unobhala webandla? (1)

5.6 Xoxa kafushane mayelana nokwenzeka ngelanga uSonto efika kamfundisi ebusuku. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.7 Abantu abanjani "abayizigilamkhuba"? (2)

5.8 Okwenzeka ngelanga lokudutshulwa kukamfundisi uZondo kumveza njengomlingiswa onjani uSonto? Sekeka impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.9 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi: '**nangomuso**', lisho …

A. nanamhlanje

B. nangeSonto.

C. nangelinye ilanga

D. nangayizolo. (1)

5.10 Fingqa kafushane isiphetho salo mdlalo. (2)

5.11 UMthofi uvezwe njengomlingiswa onjani kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

SONTO : Ngifuna indlela yokuthi ashese afe.
MTHOFI : Uzosheshisa? kanjani?
SONTO : E, ngizo...bengithi...
MTHOFI : Wakhuluma into engazwakali nje? Uzombulala?
SONTO : Into nje enjalo.
MTHOFI : Uma esefile, bese?
SONTO : Uma sengithole imali yefa ngizokunika uhhafu bese ngishaya utshani.
MTHOFI : Now ufuna mina ngenzeni?
SONTO : Ngifuna indlela elula yokumbulala, hhayi ezongilethela izinkinga. MTHOFI : ufuna ngikubulalele yena?
SONTO : Uma ungakwenza lokho, ngiyakuthembisa, kulokhu uzoyithola imali yakho.
MTHOFI : Singawenza umsebenzi uma ungaphinde ufake enye imali ngaphezulu.
SONTO : Ayikho inkinga.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS



> MTHOFI : Into yanini lena okhuluma ngayo?
>
> SONTO : Kuzofanele kube into esheshayo. Obekubalulekile nje ngukuthi wena usho noma uyavuma yini ukuwenza lo msebenzi.
>
> MTHOFI : Kangithi usuzwile ukuthi ngiyavuma?
>
> SONTO : Kulungile-ke. (Ebuka iwashi) Ngicela sehlukane okwamanje ngoba sekuyizikhathi zokubuya kukaMbhele.
>
> (Bavalelisane, aphume uMthofi.)

5.12 Ngubani lo okumele asheshe afe? (1)

5.13 Amazwi kaSonto athi 'bese ngishaya utshani' awasho kuMthofi aqonde ukuthini? (2)

5.14 Bhala ubudlelwano phakathi kukaSonto noMthofi. (1)

5.15 Lalithini icebo likaSonto lokukhokhela uMthofi yonke imali yakhe ngokwalesi siqeshana? (2)

5.16 Hlaziya isizinda salo mdlalo bese usekela amaphuzu akho:

5.16.1 Indawo (3)

5.16.2 Isikhathi (3)

5.17 Uyazwelana yini nomphakathi wakule ndawo kulesi simo sobugebengu owawubhekene naso? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS



**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| DUMISANI | : Cha ngizwa kahle. Qhubeka uncenge uManzini nomama. Mina ngizokwelekelela ngoba sengizwe kahle ukuthi awubaleki. |
| THENJIWE | : *(Ahleke kancane)* Eqinisweni nje baningi abathi angingahambi lapha ekhaya. Into engingayithandi nokho ukungivimba ngesiko. Uma ngilibheka leli siko sengathi alizwani nami. Cishe yilokho-ke okungixabanisa nomamazala kakhulu. |
| DUMISANI | : Umama uyamazi makoti. Uma le nto oyishoyo engakayizwa kahle ngeke nize nizwane. Yiso leso sizathu esenza ngithi zimisele ngokuncenga isikhathi eside impela. |
| THENJIWE | : Ngiyezwa. Ngizoncenga njengoba usho. Okubi nje ukuthi uma singavumelananga ngekusasa lami cishe siyogcina sixabene sonke. Lokho- ke bengingakufuni kodwa…(*kufike uThabi*) Nangu nje omunye othi angingahambi. |
| DUMISANI | : Wazini-ke lo? |
| THABI | : Awusize phela bhuti uDumisani uncenge umakoti angahambi. |
| THENJIWE | : Uyezwa-ke baba omncane? Ngitheni? |
| DUMISANI | : Uthi akahlaleleni ngoba ukufa kwasephuca umuntu owayemlethe lapha? |
| THABI | : Noma kunjalo nathi sizombheka. Inkinga ayikho-ke futhi ngoba nawe bhuti ukhona. |
| DUMISANI | : Ungangibali mina kulabo abazohlala nomakoti. Okokuqala ngiyasebenza.Okwesibili ngizofuna owami umakoti azohlala lapha, maqede sakhe umuzi wethu. |
| THENJIWE | : Bayangiphikisa-ke mina uma ngisho njalo. |
| THABI | : Mina ngibona sengathi ningafanelana nje nobabili. |
| DUMISANI | : Uyahlanya wena! Le nto oyikhulumayo ingaphezu kabi kwakho. |
| THENJIWE | : Ngimchazele uThabi ukuthi angisenalo uthando lomunye umuntu. Akezwa nje kuphela. |
| DUMISANI | : Ake nginishiye, nanku umsebenzi ungasaqhubeki ngenxa yami (*Ahambe)* |

6.1 Yisiko lani leli angahambisani nalo uThenjiwe? (1)

6.2 Bhala igama likadadewabo kaDumisani? (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


6.3 kwakungubani umkhwenyana kaThenjiwe ongasekho? (1)

6.4 Yini eyenza uThenjiwe alinqabe leli siko? Bhala izizathu EZIMBILI. (2)

6.5 Kungani ethi uDumisani angabalwa kwabazohlala nomakoti ngokwalesi siqeshana? (2)

6.6 Wayechaza ukuthini uDumisani ngala mazwi "**ukufa kwasephuca umuntu owayemlethe lapha"?** (2)

6.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 6.7.1 | uSikhumbuzo | A | umngani kaThenjiwe. |
| 6.7.2 | uDumisani | B | Wayeshade noMaMkhize. |
| 6.7.3 | uMondise | C | Wayengumkhwenyana kaThenjiwe ongasekho emhlabeni |
| 6.7.4 | uSipho | D | Wafakelwa uThenjiwe ushevu etiyeni. |

(4x1) (4)

6.8 Tomula amazwi esiqeshini achaza ukuthi ayesekukhuluma kwase kungafanele ukukhulunywa umuntu omncane njengaye, kufanele ukukhulunywa umuntu omdala (2)

6.9 Isimo senhlalo kulo mdlalo sabe singesihle neze. Sekela lombono ngamaphuzu AMATHATHU ubhekise kwizigameko ezenzeka endabeni. (3)

6.10 Umbhali uphumelele ukulandela imgomo yesingeniso kulo mdlalo. Bhala OKUBILU okubalulekile umbhali asethulele kona esingenisweni. (4)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

MONDISE : Ngithe lunga wena kuyobonwa isiguli. Lo Sipho wakho ngifuna amangalelwe athole isigwebo esinzima.
THENJIWE : Mina uDumisani ubengibamba (*akhale)* ngenkani.
MAMBATHA : Uqale nini ukwenza leyo nto uDumisani? Uyamqambela. Uyathanda awuthandi uzomgana. Usayotholwa ubani njengoba usumenze isigoga.
MAMKHIZE : Akukho okunye Thenjiwe. Khohlwa yilowo Sipho. Uzogana uDumisani manje ukuze kube khona ukuthula.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


THENJIWE : Ngingamane *(Hhi…hhi)* Ngizibula…le .Angi..mfu…ni uDum…sa…ni.

MONDISE : Isikhathi sentando yakho siphelile Thenjiwe. Bengingazi ukuthi usungaze uhlangane nezigebengu ubulale ingane yabantu. Leli siko obolibalekela lizokunamatha.

MAMBATHA : Angihambe bakwethu. Bengizobika. Nami ngisaphuthuma esibhedlela. Kubi impelwa **kwembulwa kwembeswa.**

MONDISE : Nathi siyalandela khona manje. Uhambe kahle.

MAMKHIZE : Abe ngcono umfana bo! (*Ahambe uMaMbatha)* Uthi uzoya uThenjiwe esibhedlela baba?

MONDISE : Angazi. Kufanele aye kodwa.

MAMKHIZE : Ngisho ngoba uhambe ekhala lapha. Mina sengiyabona ukuthi uThenjiwe akayifuni le nto esimphoqelela ngayo.

MONDISE : Kodwa njengoba esenze umonakalo nje akusekho okunye. Usezogana uDumisani.

MAMKHIZE : Aniboni ukuthi angase enze ingozi enkulu kunale?

MONDISE : Akukho ngozi angayenza. Uchazelwe nje ngobuhle baleli siko kuphela.

MAMKHIZE : Kulungile baba. Angilungise siye esibhedlela. Le ndaba ngifuna uThenji angixoxele kahle esehlise umoya. uMaMbatha akayibeki kahle.

(Behlukane)

6.11 Ngubani lesi siguli okufanelwe siyobonwa esibhedlela? (1)

6.12 Lesi simo sokukhuluma '**Kwembulwa kwembeswa** ' esisetshenzisiwe kulesi Siqeshana sichaza ukuthini? (2)

6.13 Buyini ubudlelwano phakathi kukaSipho noThenjiwe? (1)

6.14 Kwagcina kwenzekeni ngempilo kaSipho emva kokuba eseboshiwe ejele? (2)

6.15 Tomula igama esiqeshaneni elichaza umuntu oxhwalile noma osenamalunga omzimba angasebenzi kahle ngenxa yokuphuka noma ukulimala okuthize. (1)

6.16 Ngokucabanga kwakho ukuba uThenjiwe wagcina engavumanga ukungenwa nguDumisani kwakuyokwenzekani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Ngubani umlingiswa oyindilinga kulo mdlalo. Sekela impendulo yakho ngokwenzekile endabeni. (2)

6.18 Umbhali usikhethe kahle isihloko salo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA ucaphune kokwenzeka endabeni. (2)

**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2

**UMBUZO 7**

7.1 **'INJA NENGALO' – N.A.P Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA M**

Azidlele yedwa-ke uBhekani. Udla nje uyayigxeka le nyama, abuye ababaze namanye amaqatha ukuba lukhuni. Pho usanakwe ngubani, esethengile nje wakhokha? Kuthe kusenjalo, kungazelele muntu, lawa ibhayisikili likaBhekani, khelekehle! Ujeke waqhasha wabheka le. Nekani lalala ngomhlubulo, isivadlwana salo savuleka nge, kwachitheka ubisi kwanjeyaya, kwaqhasha nengalo yengane ekanini yaphonseka laphaya! Kwakude nokuthi uBhekani enzeni uma sekunje. Wasale esebamba ikhanda khona lapho ethukile. Asukuma ngokukhulu ukushesha amakhosikazi emangaliswe yilokhu okuphuma ekanini lobisi. “Hawu! Yini lena Bhekani? Hhe? Ngiyabuza, yini? Sewuyisithulu yini? Uyawubona lo mhlolo Grace?” Asho ashaye izandla uStofu. Angaphenduli uBhekani, esephaphuleke ephelile. Ahambe ayovusa ibhayisikili, athathe nojeke. Ingalo nayo ayithathe. Ake ame esadidekile ukuthi uzoyenzenjani, asuke lapho ayitshinge esikhotheni. **Inkukhu selokhu isanqunywe umlomo** njalo. Mamo! Azithintele koNtombise, bathi abamudle bamfele ngalokhu akwenzayo. Bathi akayithathe ahambe nayo nje, kungenjalo bayambophisa emaphoyiseni. Nempela aze ayilande. Ayiphindisele khona ekanini. “Wenzani kodwa Bhekani? Wenzani usidlisa amanyala? Ngiyazisa Nkosi yami sengilunkankalaze kangaka, ngalugcwalisa isisu! Hawu!” Ashaye izandla uJoana, ame abuke uBhekani. “Akusho nokuthi uluphuzile phela! Ojeke ababili begcwele uthini ukudlala?” Asho ashaye izandla noGrace. “Ngimangele! Futhi ngimangele! Nihambe nikhohliswa zinyanga zithi zinenzela izinhlanhla, amalaki, amalaki ani wona lawo? Hawu!” kubabaza uStofu esevutha bhe engabaselwe. Kusenjalo kuthi thushu amaphoyisa abevele eyaluza ehla enyuka nelokishi usuku lonke ngemoto. Kube sengathi azohambela kude nabo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



| | | |
|---|---|---|
| 7.1.1 | Yisiko lani leli angahambisani nalo uThenjiwe? | (1) |
| 7.1.2 | Bhala isihloko sale ndatshana. | (1) |
| 7.1.3 | Bhala amagama angempela esiNgisi kaNtombise noStofu? | (2) |
| 7.1.4 | Kuyini loku okwaphuma ekanini kwathusa oGrace noStofu? | (1) |
| 7.1.5 | Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni: | |
| | 7.1.5.1 "Inkukhu selokhu isanqunywe umlomo njalo" | (2) |
| 7.1.6 | Khipha umqondofana wegama "Isimungulu" elisetshenzisiwe kulesi siqeshana? | (1) |
| 7.1.7 | Chaza kafishane ukuthi bazana kanjani oStofu noNtombise? | (2) |
| 7.1.8 | Yini le eyayisibawohloze kakhulu oStofu nomngane wakhe? | (1) |
| 7.1.9 | Chaza ukuthi inyanga yathi makenzeni uStofu ukuze abe nenhlanhla athole amakhasimende? | (2) |
| 7.1.10 | Bhala okwenzeka kuStofu noBhekani emva kwalesi siqeshana? | (2) |
| 7.1.11 | Ukube wawungumngani kaJoana wawungameluleka uthini ngemva kokuba esekutshelile ngenyanga uNgema? | (2) |

**KANYE**

7.2 **'AMATHUNZI EZINTABA' – N.A.P Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

"Ngiyabonga Mntakwethu. Angiwafanele nokho lawo mazwi akho amnandi."

"Kanti ukukhuthala kwakho kuyafihlwa yini Nomkhosi? Anginakukufihlela mina ukuthi ubuhle bakho, inkuthalo kanye nokuzithoba kwakho yikhona okwenza umoya wami wenyukele kangaka eziqongweni zothando."

Achobozele uNomkhosi, **okomakoti egoyile**, akhe umsingizane awufake emlonyeni. Kwedlula isikhashana sibambene, kungekho okhulumayo. Mhlawumbe kwase kufike lapho amazwi esehluleka khona ukuchaza ubungako befindo lothando lwethu. Sabelokhu sizwa izinyoni zicula emagatsheni emithi. Zaqhaqhaza izintethe zisuka zihlala. Ngathatha emva kwesikhashana ngathi,

"Nginenjongo enkulu engifuna ukukwethulela yona namuhla Nomkhosi.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


Sesiside kakhulu isikhathi sithandana. Iminyaka emihlanu ayidlali. Akukho engingabe ngisafuna ukukwazi ngawe. Ngithi ngigculisiwe nguwe, Mntakwethu."

"Ngiyethemba awuphindi amazwi osewawaphinda izikhathi eziningi Siziba. Uma kunjalo, yazi ukuthi awasanambitheki, aseyalumela."

**"Ungangilumi ulimi** Nomkhosi. Namuhla-ke ngedlulela ekuthini sewulithemba lami lokugcina. Ngakho-ke ngithanda ukuthumela abakhongi kubazali bakho. Ngivumele Nomkhosi, lokhu ngikwenze zingakedluli izinsuku ezinhlanu kusukela namuhla."

Kuke kuthuleke isikhathi eside. Mhlawumbe uNomkhosi wayesetshisa amazwi ami, mhlawumbe wayengazikholwa izindlebe zakhe, mhlawumbe kwakungokunye. Ngelikade waphendula, "Ngiyezwa mfo kaNdlela. Amazwi akho anzima, ngoba ngiyazithandela ikhaya likababa."

"Ikhaya lakini alisona isiphetho sakho Nomkhosi. Ngakho-ke uyokwehlukana nalo noma kunini. Sesifikile-ke isikhathi sokuba wehlukane nalo."

"Nakuba la mazwi akho ehlaba Siziba, kepha ayilona iqiniso. Phakathi kuwona kukhona umpe olwakha uju. Ngalokho-ke ngithi nje ngiyabonga kakhulu Mntakwethu."

7.2.1 Bhala igama lesoka likaNomkhosi. (1)

7.2.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi: '**injongo**', lisho …

A. iqhinga

B. inhloso

C. icebo.

D. indaba. (1)

7.2.3 Babekuphi laba abaxoxayo kule siqeshana? (1)

7.2.4 Sase siside kangakanani isikhathi bethandana laba abaxoxayo? (1)

7.2.5 Wayeqonde ukuthini uSiziba ngala mazwi "**Ungangilumi ulimi Nomkhosi**". (2)

7.2.6 Bhala OKUBILI umlandi akuthandayo ngoNomkhosi okushiwo kulesi siqeshana. (2)

7.2.7 Chaza isicelo sikaSiziba kuNomkhosi. (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



7.2.8 Bhala uhlobo lwesifengqo esikulomusho olandelayo:

"Achobozele uNomkhosi okomakoti ogoyile" (2)

7.2.9 Hlaziya lendatshana ubhekise:

7.2.9.1 Isizinda(Indawo) (1)

7.2.9.2 Indikimba (1)

7.2.10 Fingqa kufushane isigameko esenzeka ngenkathi egcina ngci ukubonana noNomkhosi uSiziba. (3)

7.2.11 Wahlawuliswa iznkomo ezingakhi uSiziba. (1)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: [35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**SITHANDWA SAMI – T Qwabe**

Sengikhona ngingangawe,
Woza mnta kamama,
Woza ethafeni lokuhlangana kwethu,
Lapho kushaya khona umoya opholile,
Lapho kuhlanganise khona umculo omtoti,
Wezinyoni ezicikoza kamtoti okokhokho bazo,
Nowezinyosi ezizingela impova namanz'oju.

Woza sithamundelane izindaba zothando,
Olumi ngezinyawo ludlula iziqongo,
Sixoxe kunganyakazi zindebe zomlomo,
Odlulayo nobukayo ababuke phakathi,
Engibuka angibone ngisenhlameni yenomfi,
Kanti ubuso bami nokuzithoba kwami,
Yikhona okumshaya ngemfe iphindiwe.

Woza sthandwa senhliziyo yami,
Ngikugqolozele ungigqolozele ezinhlamvini zamehlo,
Ziphuphuma ukwethaba nothando olucwebile,
Oluyaye kushayelwe ubuwahlawahla behlombe,
Wulwandle ludlalisela phambi kwethu,
Luzibambela imibimbi emihle ekhangayo,
Efa ivuke ngokuphazima kuhle okwedangabane.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikubambe ngqi ngikuwolele esifubeni,
Ucamele kusona sethabe othandweni olujulile.

Mina nawe sahlanganiswa kubuk'ilanga
Ngakukhipha ngikubambe ngesandla,
Usubavumile abakhwenyana basemzini,
Ngakubamba ngesandla usuya emzini
Ngafike ngakushiya ngezinyembezi ezazigeleza,
Ezazivovwa yinhliziyo yami eyayidangele,
Ngakushiya ngabuya ngingasakuphethe ngezandla,
Kepha sengikuphethe ngenhliziyo nengqondo.

Woza-ke s'thandwa senhliziyo yami,
Wena ungowami,
Nami ngingowakho,
Size sihlukaniswe ngukufa.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


8.1.1 Bhala imigqa EMIBILI evulekile kule nkondlo. (2)

8.1.2 Iqonde ukuthini imbongi uma ithi "Sengikhona sengingangawe" emugqeni wokuqala? (1)

8.1.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo. Esitanzeni soku-1, imbongi Uma ithi "Woza mntaka mama" iqonde:

A. Kusisi wayo.

B. kwisithandwa sayo.

C. Kwingane yakubo. (1)

8.1.4 Bhala okubili okwenzeka ethafeni lapho behlanganela khona okushiwo yimbongi esitanzeni soku-1. (2)

8.1.5 Nikeza isibonelo sokuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-5. Shono ukuthi hlobo luni lokuxhumana. (3)

8.1.6 Isigqi sale nkondlo SIYANENSA noma SIYASHESHA? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.1.7 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emugqeni wama-21? Chaza ukuthi sisho ukuthini. (2)

8.1.8 Kwagcina kwenzekeni kwisithandwa sembongi? (1)

8.1.9 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi esitanzeni sesi-5. (2)

8.1.10 Uthini umyalezo odluliswa yimbongi kubantu abathandanayo? (2)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**YOBE NSIZW'ENYE – T Qwabe**

Bese uzishaye zaphelela,
Usuzowakha umuzi kayihlo.

Esibayeni sakho esichichimayo,
Uzishaye zonke ngemibala yazo.
Kwasala ezinye zisiqhumisa,

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS



Lokhu zigcwele ziyagwazana,
Zigcwele njengothando lwakho ngaye.

Njengoba wamkhetha wamehlula ngamazwi wavuma,
NoSiyafa isoka lamanyala elingehlulwa,
Limvimbezele ngengcwenga yamazwi wavuma,
Wabopha umphefumulo kuphela wemuka,
Lwaliphumelela kuqala udwendwe,
Wena usakhomba izinsuku ezizayo,
Ezizofika zingasafumbethe lutho ngezandla zazo.

8.2.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu. Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.2 Yini le ebisizishaye zaphelela imbongi? (1)

8.2.3 Yayikusiphi isimo ngenkathi imbongi ibhale lenkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.4 Shono amagama anomqondofana nalawa atholakala enkondlweni:

8.2.4.1 umshado (1)

8.2.4.2 zingaphethe (1)

8.2.5 Bhala uhlobo lwesifengqo olutholakala kulo muqqa: “Zigcwele njengo thando lwakho ngaye” (1)

8.2.6 Ngubani lesoka lamanyala okukhulunywa ngalo kule nkondlo? Chaza kungani libizwa ngesoka. (2)

8.2.7 Chaza ukuthi le nkondlo ikhuluma ngani? (2)

8.2.8 Tomula umugqa esitanzeni-3 ochaza ukuthi washona? (2)

8.2.9 Khuluma ngethoni yembongi kule nkondlo bese wesekela impendulo yakho. (2)

8.2.10 Uthini umyalezo wembongi ngale nkondlo? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: [35]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [70]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African